

ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHEZULU (Iphepha Lokuqala)	928-1/1 K	2
---	------------------	----------

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lokuqala)**

ISIKHATHI: 2 Amahora

IMIKLOMELO: 80

IMIYALO

- Leli phepha linezigaba ezintathu A,B,C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.
- Ohlolwayo makabhale ngobunono.

ISIGABA A

UMBUZO 1

1.1 Funda le ndaba bese uphendula yonke imibuzo.

Impumelelo yomlimi

Ihholo ligcwele phama. Kuthule kuthe cwaka lapho ehholo. Kudamane kuheleza umoya okhishwa ophephela abaphezulu. Sifike leso sikhathi. Asukume kancane uMnumzane Mbhamali. Lapho amehlo athe njo kuye. Alikho iso elizimisele nokuthi cwayi. Ababuke abantu behlezi bethe shaye phambi kwakhe. Ezwe inhliziyi yakhe ithi gxu-gxu, wena owabona ixoxo libalekela imoto. Athi esuka abethi cotho-cotho eya le nale. Phela wonke umuntu ufuna ukwazi kahle. Naye-ke njengesimenywa esikhulu akumele azibeke phansi. Kufanele ethule umbiko ongaseyikukhohlakala.

Aqale ngokubingelela. *“Mphathisihlalo nomphakathi wonke wabalimi ngiyanibingelela. Ngibonga ithuba eningipha lona. Nimeme umaqondana, nimeme uhlaba zihlangane, ugodo olulala amankankane. Mina ngingubhukuda aphume omile njengedada.”* Kuthi woklo ihlombe abantu bethakasile ngalolu gubhu oluzibethayo. Aqhubeke, “Ngithanda ukusho ukuthi silimela ukuthola imali bakwethu. Impumelelo yomlimi isemalini. Leli yibhizinisi elidinga okukhulu ukubekezela. Nazi izinto ezisemqoka ezintathu. Kufanele ube nomhlaba ohamba nezakhiwo, ube nabasebenzi kanye nemali yokuqala umsebenzi. Izinto ezisemqoka ezikhiqizwa ngumlimi yizitshalo, imfuyo kanye nemikhiqizo eyenziwa yimfuyo. Izinto ezisemqoka ezichumisa umlimi isimo sezulu kanye nesimo somnotho.

Ngeke aphumelele umlimi ngaphandle kwezisebenzi. Ezisebenzini kukhona lezo ezisebenza njalonzalo, nezibamba amatsho. Kubalulekile-ke ukuthi umlimi abe nezisebenzi ezisenamandla ezingawuqhuba kahle umsebenzi. Izisebenzi-ke zihambisana namaholo. Kufanele, bathole iholo elithe xaxa ekupheleni konyaka.

Kuhle-ke futhi ukunaka isikhathi somsebenzi. Asize emkhiqizweni. Kumele wazi ukuthi abantu bangakini badingani. Dayisa leyo mikhiqizo-ke. Naka ukuthi udayisa ngamanani afanele. Qikelela ukuthi usemncintiswaneni nabanye abalimi. Lungisa inhlabathi ukuze imikhiqizo yakho ibe mihle. Yiba namathuluzi anele futhi afanele nemikhiqizo yakho. Nakekela ukuchelela ukudla ukuze kube sezingeni elifanele.

Kwezezimali-ke xhumana nosaziwayo emabhenki bakufundise ngezindlela zokweboleka imali, ukuyilondoloza, ukuyizalanisa kanye nokuyikhipha. Uma uwalandele kahle la maphuzu uyoba ngumlimi onomehluko. Ngiyabonga mphathisihlalo.


Amagagasi: T.E Hadebe, T.L Ngema, Z.G Buthelezi.

- 1.1.1 Ngowani lo mhlango. Yini inhloso yawo? (2)
- 1.1.2 Ubani isimenywa esiqavile kulo mhlango? (1)
- 1.1.3 Awuhashe lesi simenywa ngezithopho zaso. (3)
- 1.1.4 Yini ekhombisa ukuthi lesi simenywa sesinesipiliyoni ezihashweni zaso? (2)
- 1.1.5 Ungathi ungumuntu onjani uma ulandela inkulumbo yakhe (2)
- 1.1.6 Nikeza izinto ezisemqoka ezimbili ezichumisa umlimi. (2)
- 1.1.7 Bhala la magama esiNgisi abhale ngesiZulu esihle. (4)
- (a) Chairperson.
- (b) Permanent employee.
- (c) Salary.
- (d) Production.
- 1.1.8 Ake usebenzise lezi zenzukuthi emishweni yakho ubonise ukuthi uyazazi. (2)
- (i) Cotho-cotho. (2)
- (ii) Gxu -gxu. (2)
- 1.1.9 Basuke bekhombisani abantu uma bethi woklo ihlombe (2)
- 1.1.10 Ngokuyizwa kwakho indaba impumelelo yomlimi ikuphi? (2)
- 1.1.11 Izisebenzi kumele ziholelwe njani ekupheleni konyaka. (1)

[25]

1.2 Buka lesi sithombe ngokucophelela bese uphendula imibuzo elandelayo.

A. Afezekile amaphupho



AMAGAGASI

- 1.2.1 Isihloko esithi afezekile amaphupho singayifanela yini le ndaba? Sekela. (2)
- 1.2.2 Wonke umuntu unomsebenzi wakhe kulo muzi. Fakazela okushoyo. (2)
- 1.2.3 Singasho yini ukuthi lo mnumzane ngumlimi onempumelelo? Ukusho ngani lokho. (2)
- 1.2.4 Ngokubona kwakho ingabe isenzo sikababa silungile noma asilungile yini? Sekela umbono wakho. (3)
- 1.2.5 Bhala inani labantu abakulesi sithombe ngamagama. (1)
- (10)

IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Fingqa lesi siqeshana ngamaphuzu amahlanu. Ungalahli umongo wendaba.

Enye yezingozi ezinyantisayo zomgwaqo ngeyenzeke ngeledlule eVan Reenen Pass okufe kuyo abomdabu abane kwalimala kabi abangu-7. Ngokusho kwesikhulu samaphoyisa eMnambithi bonke laba bantu bebehamba ndawonye ngeloli elincane. Kuthiwa le moto yabo iphume endleleni yanhlathela yaze yayophonseka esiweni. Kwesinye isiphili sengozi esenzakele ngoLwesine kukade kunguKhisimusi ngayizolo kufe ujuqu indoda kanye nomkayo, kwalimala kabi ingane yabo esencane eduze kwaseManzimtoti.

Izingqapheli zikholwa ukuthi isibalo sabantu abafe ezingozini zemigwaqo kulesi sikhathi sonyaka sizokweqa kwesabafa nyakenye. Baba ngu-15 sebebonke abantu abafa ezingozini zemoto ngonyaka odlule. Njengoba sesenyuke saba ngu-14 isibalo salo nyaka engakapheli la maholide, kusolisa sengathi azothiephela sibe sinyuke kakhulu. Kwesinye isigameko owesifazane waseMgungundlovu usinde nge "Nkosi" ngesikhathi imoto yakhe iphaphalaza kuSweet Waters Road, maqede yaphonseka esiweni esingamamitha angu-20 ukushona phansi.

(IsiZulu Soqobo)

[10]

IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]

ISIGABA C

UMBUZO 3

3.1 Bhala umusho owodwa usebenzise lezi zihlanganiso ezilandelayo.

3.1.1 Ukuba.

3.1.2 Futhi.

(4)

3.2 Guqula lezi zenzo ezidwetshelwe kule misho elandelayo zikhombe ukuphika.

3.2.1 UMtshali uphikisana nombono kathishanhloko.

3.2.2 Umama uma esekhuluma ngale ndlela uyethusa.

(4)

3.3 Ezenzweni ezidwetshelwe sebenzisa isakhi esikhomba ukuthi isenzo sisaqhubeka.

Mina ngeke ngilalele imisakazo ngengane echwensa othisha kodwa ifunda isikole.

(3)

- 3.4 Gcwalisa izikhala ngezingcezu zenkulumo ezifanele ukuze lo musho uzwakale kahle.
- 3.4.1 “(isabizwana sokukhomba) ngane yoniwa ngabangane (ongumnini)”, kusho (inani) othisha. (3)
- 3.5 Guqula amagama adwetshelwe kule misho abe ngondaweni.
- 3.5.1 Uzwe indoda ethile ikhuluma umsakazo.
- 3.5.2 La mazwi ezwakala izindlebe zabalalele. (2)
- 3.6 Bhala imisho emibili ibe sempambosini yokwenzisa neyokwenzana usebenzise lezi zenzo ezilandelayo emshweni.
- 3.6.1 Phatha. (2)
- 3.6.2 Bopha. (2)
- 3.7 Lungisa amagama akubakaki ukuze kufundeke.
- 3.7.1 Musa ukuvuma ukuba isigqila (sa + ubugebengu).
- 3.7.2 Isidingo (sa + inkululeko) angisiboni.
- 3.7.3 Uyanyonyoba (njenga + unwabu) 1x3=(3)

UMBUZO 4

- 4.1 Unikezwe igama kubakaki, lisebenzise uqale ngalo umusho.
- 4.1.1 Ngifumene umama ehlakula amasimu ommbila (izolo) (2)
- 4.2 Qondanisa umusho oku- **A** nencazelo yakhona eku- **B**.

A	B
4.2.1 Uyashesha ukuzwa uma ehletshwa	1. Unekhono
4.2.2 Uyaqaphelisisa	2. Unenhliziyiyo
4.2.3 Uwenza kahle umsebenzi wakhe	3. Unethambo
4.2.4 Mude	4. Unodlebe
4.2.5 Uyabekezela	5. Uneso

1x5=(5)

ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHEZULU (Iphepha Lokuqala)	928-1/1 K	7
---	------------------	----------

4.3 Bhala izenzukuthi ezifanele ezichaza amagama adwetshelwe emshweni olandelayo. Khetha kunazi izenzukuthi: (xaxa, qwa, fahlafahla, bhuqe, mimilithi)

4.3.1 Umthengele ihembe elimhlophe _____

4.3.2 Wagwinya izambane walithi _____

4.3.3 Kumnyama _____

4.3.4 Bafanele bathole iholo elithe _____ ekupheleni konyaka.

4.3.5 Wasukuma wathi _____ amazwi wahlala phansi.

1x5=(5)

IMIKLOMELO YESIGABA C : [35]

IMIKLOMELO ISIYONKE 80